

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES
MCHUNU ENKONZWENI YESIKHUMBUZO EKOKSTAD NGOLWESINE
MHLAKA 28 OCTOBER 2010**

Mphathi wohlelo;
IMeya yomkhandlu;
Amakhansela Akhona;
Abefundisi;
Imboni yezokuthutha;
Izisebenzi zoMnyango ziholwa iNhloko yezokuThutha uHlabisa;
Abezindaba;
Ngokukhethekile ngibingelele imindeni engosingaye lapha;
Bese ngibingelela umphakathi wonke;
Ngithi sanibonani.

Siyabonga ukuthola leli thuba ukuba kesiphefumule nathi singuMnyango wezokuThutha noHulumeni wesifundazwe esimweni esibuhlungu kangaka esehlele indawo yaseKokstad naseSisonke jikelele. Siyabonga kakhulu emindenini evumile ukusinika leli thuba lanamhlanje ukuthi siphinde sizobhonga emswanini njengoHulumeni.

Le nkonzobona ibe yisicelo sethu ngemuva kokuhlanganisa amehlo nemindeni ngeSonto njengoba sithe uma sithola imibiko ngale ngozi ngoMgqibelo sabona kufanele sishiye konke sizokhuza umhlola kule ndawo. Vele iyona ndlela esiyaye siyincome uma kunenhlekelele enjengalena ukuze sibe nethuba lokuhlangana nayo yonke imindeni ngesikhathi esisodwa.

Uma kungabanga inkonzobona yomngcwabo ehlanganyele siyaye sicele emindenini ukuthi kwenziwe inkonzobona yesikhumbuzo ndawonye mhlambe ngoLwesine ngokujwayelekile.

Siyazi-ke ukuthi inkonzo enjengalena iyinkundla okusuke kugiya kuyoba abefundisi, thina okwethu kube ngukulalela ukuthi sikhuthazeka kanjani ngokukamoya. Kodwa ekubhongeni kwethu emswanini nje sifisa ukusho ukuthi singuHulumeni sesiphinde sashaywa induku ehlale isishaya yize sizama ukuvika ngandlela zonke.

Yiyo le nduku esenza sizibuze ukuthi kanti kwakhala nyonini emigwaqeni yethu? Kumele kuze kukhuze bani kanjani ukuze abantu bakithi baguqule indlela yokuziphatha emgwaqeni? Sikubuza lokhu ngoba singuHulumeni sesibe nemikhankaso eminingi eqwashisa abantu bakithi ngokuphepha emgwaqeni.

Kule mikhankaso kusetshenziswa izimali ezishisiwe kuchitheke nesikhathi esiningi kuncengwa abantu ukuba bangenzi izinto ezizobulala bona noma zenze bona babe ngababulali. Kodwa phezu kwako konke lokho sisahambela izinkonzo zalolu hlobo. Uma unguNgqongqoshe njengami nje uze uzibuze kaningi ukuthi kukhona yini engingakwenzi kahle okwenza kugobhoze igazi kangaka emigwaqeni yethu.

Imikhankaso esikhuluma ngayo ngesuke ilekelela nje ekutheni abantu abasebenzisa umgwaqo bahlale beqwashile. Kodwa iqiniso lithi uHulumeni unazo zonke izinto eziyisisekelo ekutheni umuntu asebenzise umgwaqo ngokuphepha.

Bheka nje, akekho umuntu ogunyazwa ukuba ashayele imoto engaqalanga wafunda yonke imithetho nezimpawu zomgwaqo ukuze kube nesiqiniseko sokuthi ngeke enze ingozi emgwaqeni. Eminye yale mithetho ithi awulokothi ushayele imoto uphuze utshwala. Uma umuntu esefundile waphasa wathola igunya lokushayela, ukhohlwa yiyo yonke le mithetho ikakhulukazi lona osuqede abantu othi ongashayeli uphuzile.

Uhulumeni uphinda akhe imigwaqo eminye ayifake itiyela ngemali eshisiwe, ayifake nezimpawu zokuxwayisa ngokungaba yingozi uma ushayela, kufakwe namabhodi akutshela umgomo wejubane okumele uhambe ngalo kuleyo ndawo. Kodwa mihla namalanga singcwaba abantu abashonele emgwaqeni ngenxa yokushayela bedakiwe nokugijima ngokweqile.

Ngenxa yokwepfulwa kwale mithetho, uHulumeni uphinda achithe imali eningi eqeqesha aphinde aholele amaphoyisa azogada izephulamthetho emgwaqeni. Manje yini-ke bakwethu okumele yenziwe futhi yenziwe ngubani? Sikhuluma nje sesibheke emaholidini kaKhisimusi nawo asazosithwalisa kanzima sikhuzisa abantu abadakelwa emgwaqeni. Zisazongena zingenile izibalo zithi sekufe abangaka kwalimala abangaka.

Yingakho-ke sithi nakuba sizokhalisana nabalahlekelwe izihlobo zabo kule nkonzob, kodwa kumele sinxuse ukuthi sonke esilapha masibe ngamanxusa ezokuphepha emgwaqeni. Njengabagibeli masingavumi ukugibela izimoto ezizobeka izimpilo zethu engozini ngenxa yesimo semoto noma somshayeli. Abemboni yokuthutha umphakathi mabasilekelele ngokuthi bangavumi nabo ukulokhu kwakhonjwa bona ngenjumbane ukuthi isizwe siyaphela siphela ezandleni zabo.

Bheka nje ngoba emkhankasweni woMnyango wezokuThutha kuzwelonke wokumisa izimoto eziyisigidi ngenyanga iKwaZulu-Natal kumele ibe nezingu-170 000 kuleso sibalo. NgoMsombuluko esiphuma kuwona bese simise ezingu-140 422 kwaboshwa abashayeli abangu-19 816. Lo 19 816 usho isibalo sabantu abebengaba ingozi komunye umuntu ongenacala osebenzisa umgwaqo.

Okunye engifuna sikubheke njengoMnyango yilo moya engiwuzwayo wokuthi abashayeli abaningi kule ngxenye yesifundazwe abakhombisi ukuyazi kahle imithetho nezimpawu zomgwaqo. Basika noma kanjani noma kuphi.

Angazike noma kuhambisana nomlando wakudala lapho kwezinye izabelo (Homeland) bekulula ukuthola izincwadi ngaphandle kokuhlolwa ngemoto.

Mhlambe uhlelo esiluhlongozayo emnyangweni lokuqeqesha kabusha abashayeli abaphula umthetho bephindelela kuzomele siluqale khona ngapha. Kulolu hlelo sizobheka ukuthi umuntu usetholakale kangaki enamacala omgwaqo bese simfaka kulolu hlelo.

Kodwa futhi lolu hlelo sifuna luhambisane nalolu olwethulwe uManzankosi kuzwelonke lwe-Administrative Adjudication of Road Traffic Offence (AARTO). Ngesikhathi sokuqeqeshwa kabusha umshayeli uzobhekwa isimo sakhe ngokomzimba (ukusebenza kwamehlo nokuthi akanako yini ukukhubazeka okuthile).

Siphinde sathatha nesinqumo sokusebenzisana nenhlangano ezimele iSouth Africans Against Drunk Driving (SADD) emkhankasweni wokudalula amagama alabo abasihluphayo ngokwephula imithetho emgwaqeni. Sizoxhumana noMnyango wezoBulungiswa ukuthi sithole amagama ukuze umphakathi wazi ukuthi obani laba abasidalela inkinga yokufa kwabantu emigwaqeni yethu. Kungaba yinto enhle-ke ukuthi sonke esikhona lapha singazitholi sesikuloluhla.

Sithi-ke nakuba kunzima kodwa sithatha leli thuba sithi egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal sifisa ukududuza yonke imindeni. Amagama esesikwazile ukuwathola yilawa:

Name and Surname
1. Nontandabuzo Mfolozi
2. Thabang Motsokotsi
3. Nombusiso Hlongwana

4. Nomfanelo Nkunjana
5. Sylvina Sithole
6. Boniswa Dlamini
7. Sbongiseni Dlamini-Njokweni
8. Sibongile Jaca
9. Lebohang Eric Letseka
10. Msokoli Clinton Nobheqwa
11. Timothy Mpopo
12. Zanele Mhlabiso
13. Ekgatala Mhloni
14. Nthunya Mothea
15. Andile Alfred Mabududu
16. Nkosiyethu Cedrick Mdoda
17.
18.
19.
20.

NgesiZulu kuthiwa akwehlanga lungehlanga. Impilo mayiqhubeke kwabasele. SinguHulumeni nomphakathi waKwaZulu-Natal sinalo ithemba lokuthi ngelinye siyoyinqoba le mpi yezingozi zomgwaqo.

Mangibonge ngethuba ngigcine ngokunxusa ukuthi sonke esilapha siphume ngobuningi bethu siyokuba ngamanxusa ezokuphepha emgwaqeni. Njengoba sesingena esikhathini sikaKhisimusi nje, sonke masizibophezele ukuthi sizowudla siphila singene onyakeni ozayo siphila ngokuthi siziphathe kahle emgwaqeni.

Ngiyabonga